# ITHEMU 3

## Uhlolojikelele

Le ncwajana iqukethe izivivinyo zokufunda ngokushelela kanye nohlelo lokuhlola lweThemu 3.

Siza ukhumbule ukuthi iNcwajana yoHlolo yeThemu 1 no 2 iqukethe amaphepha okurekhoda uFMS. Iqukethe futhi imiyalelo yendlela yokwenza izivivinyo kanye nendlela yokusebenzisa imiphumela.

# Izivivinyo zoFMS zeThemu 3

**NHLRP FMS**

Ulimi: isiZulu
**Isivivinyo 3.3.A**
Ikhophi kaThisha
Imisindo engama / Imizuzwana engama

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| u | a | o | p | j | 5 |
| g | L | D | N | C | 10 |
| e | i | Q | K | H | 15 |
| F | n | m | d | k | 20 |
| U | A | N | C | d | 25 |
| q | l | M | f | k | 30 |
| O | v | r | x | A | 35 |
| w | s | V | t | y | 40 |
| kh | th | ch | bh | P | 45 |
| Q | N | L | K | d | 50 |
| ny | Q | P | R | gx | 55 |
| D | V | z | f | k | 60 |

**NHLRP FMS**

Ulimi: isiZulu
**Isivivinyo 3.3.A**
Ikhophi yoMfundi
Imisindo engama / Imizuzwana engama

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| u | a | o | p | j |
| g | L | D | N | C |
| e | i | Q | K | H |
| F | n | m | d | k |
| U | A | N | C | d |
| q | l | M | f | k |
| O | v | r | x | A |
| w | s | V | t | y |
| kh | th | ch | bh | P |
| Q | N | L | K | d |
| ny | Q | P | R | gx |
| D | V | z | f | k |

**NHLRP FMS**

Ulimi: isiZulu
**Isivivinyo 3.3.B**
Ikhophi kaThisha
Amagama angu-60 / Imizuzwana engama

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| thula | phuza | qhuba | qhuga | iqolo | 5 |
| qhamuka | khumula | phumuza | khonza | inzima | 10 |
| ubunzima | amazolo | bhalani | ubukhosi | ezolimo | 15 |
| thethelelani | ubuchwepheshe | amakhamandela | iziphuzo | zinakekele | 20 |
| thamela | bukela | isizukulwana | idwala | intengiso | 25 |
| intwala | pholisa | izicathulo | ushukela | itende | 30 |
| ubhanana | amakhala | ibhola | iyabiza | umlonyana | 35 |
| umzukuzuku | isithuthuthu | isiphithiphithi | bayathithiza | bazothamela | 40 |
| ukukhehla | izinduna | khuzeka | khonkotha | kweleta | 45 |
| ndiza | indwangu | udweshu | idwala | dweba | 50 |
| nethezeka | ubunjiniyela | uchungechunge | emakhiwaneni | kunemibandela | 55 |
| imigomo | amagagasi | bungaza | zumekani | inesizotha | 60 |

**NHLRP FMS**

Ulimi: isiZulu
**Isivivinyo 3.3.B**
Ikhophi yoMfundi
Amagama angu-60 / Imizuzwana engama

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| thula | phuza | qhuba | qhuga | iqolo |
| qhamuka | khumula | phumuza | khonza | inzima |
| ubunzima | amazolo | bhalani | ubukhosi | ezolimo |
| thethelelani | ubuchwepheshe | amakhamandela | iziphuzo | zinakekele |
| thamela | bukela | isizukulwana | idwala | intengiso |
| intwala | pholisa | izicathulo | ushukela | itende |
| ubhanana | amakhala | ibhola | iyabiza | umlonyana |
| umzukuzuku | isithuthuthu | isiphithiphithi | bayathithiza | bazothamela |
| ukukhehla | izinduna | khuzeka | khonkotha | kweleta |
| ndiza | indwangu | udweshu | idwala | dweba |
| nethezeka | ubunjiniyela | uchungechunge | emakhiwaneni | kunemibandela |
| imigomo | amagagasi | bungaza | zumekani | inesizotha |

**NHLRP FMS**

Ulimi: isiZulu

**Isivivinyo 3.3.C**

Ikhophi kaThisha

Iziqephu zokufunda / Imizuzwana engama & 180

| | |
|---|---|
| NgoMsombuluko ekuseni, uJoshuwa wathatha isikhwama | 5 |
| sakhe waya esikoleni. Wayejabule kakhulu ngomjaho waze | 12 |
| washiya isikhaftini sakhe etafuleni. | 16 |
| Ngesikhathi sekhefu, uJoshuwa wayelambile. Wahlala | 21 |
| ngaphansi kwesihlahla wabuka abanye bedla ukudla | 27 |
| kwabo. | 28 |
| Umngane wakhe omkhulu uJabu wambona edabukile. | 34 |
| “Kuphi ukudla kwakho?” kubuza uJabu. | 39 |
| “Ngikushiye ekhaya,” kuhleba uJoshuwa, ehlengezela | 44 |
| izinyembezi. | 45 |
| UJabu wamamatheka wamhlephulela isamishi lakhe | 50 |
| lebhotelalala. Wabuye wamnika nesithelo esisodwa. | 55 |
| Ngosuku lomjaho. UJoshuwa noJabu bama nabagijimi | 61 |
| bebanga lesi-3. Lapho impempe yakhala, uJoshuwa | 67 |
| waphuma ngesivinini njengomcibisholo. Waye phambili! | 72 |
| Uthe ebheka emuva, uJabu wayekhubeke etsheni wawela | 79 |
| phansi. Idolo lakhe lalopha igazi. | 84 |
| UJoshuwa wabuyela kuJabu wamsukumisa, wahamba | 89 |
| naye kancane baya emgqeni wokuphela. Bafika ekugcineni, | 96 |
| ndawonye, bonke abantu babajabulela. | 100 |
| UJoshuwa watshela ubaba wakhe ngomjaho. Ubaba | 106 |
| wamamatheka wathi, “unqobe okungcono kunendondo.” | 111 |
| UJoshuwa wamamatheka. | 113 |

**NHLRP FMS**

Ulimi: isiZulu
**Isivivinyo 3.3.C**
Ikhophi yoMfundi

NgoMsombuluko ekuseni, uJoshuwa wathatha isikhwama sakhe waya esikoleni. Wayejabule kakhulu ngomjaho waze washiya isikhaftini sakhe etafuleni.

Ngesikhathi sekhefu, uJoshuwa wayelambile. Wahlala ngaphansi kwesihlahla wabuka abanye bedla ukudla kwabo.

Umngane wakhe omkhulu uJabu wambona edabukile. "Kuphi ukudla kwakho?" kubuza uJabu.

"Ngikushiye ekhaya," kuhleba uJoshuwa, ehlengezela izinyembezi.

UJabu wamamatheka wamhlephulela isamishi lakhe lebhotelala. Wabuye wamnika nesithelo esisodwa.

Ngosuku lomjaho. UJoshuwa noJabu bama nabagijimi bebanga lesi-3. Lapho impempe yakhala, uJoshuwa waphuma ngesivinini njengomcibisholo. Waye phambili!

Uthe ebheka emuva, uJabu wayekhubeke etsheni wawela phansi. Idolo lakhe lalopha igazi.

UJoshuwa wabuyela kuJabu wamsukumisa, wahamba naye kancane baya emgqeni wokuphela. Bafika ekugcineni, ndawonye, bonke abantu babajabulela.

UJoshuwa watshela ubaba wakhe ngomjaho. Ubaba wamamatheka wathi, "unqobe okungcono kunendondo."

UJoshuwa wamamatheka.

**NHLRP FMS**

Ulimi: isiZulu

**Isivivinyo 3.3.D**

Ikhophi yoMfundi: Ukuqondisisa okubhalwayo

**Maka impendulo efanele**

1. **Washiya ini uJoshuwa ekhaya?**
   a. *isikhwama sakhe sesikole*
   b. *isikhaftini sakhe*
   c. *izicathulo zakhe zokugijima*
2. **UJabu wamnika ini uJoshuwa ngesikhathi sesidlo sasemini?**
   a. *i-apula nojusi*
   b. *isamishi eligcwele*
   c. *uhhafu wesamishi yebhotela kanye nesithelo*
3. **Kule ndaba uJabu usize uJoshuwa, ngemva kwesikhathi uJoshuwa wasiza uJabu. Kusikhombisani lokhu ngobungani?**
   a. *Basizana kuphela uma befuna ukuthola okuthize.*
   b. *Bayasizana ngezinkinga.*
   c. *Bathanda umjaho ukudlula ukudla isidlo sasemini.*
4. **Ucabanga ukuthi uJoshuwa uthathe isinqumo esifanele ngenkathi ema ukusiza uJabu?**
   a. *Yebo, ngoba ukusiza kubaluleke ukudlula ukunqoba.*
   b. *Cha, ngoba ubezonqoba umjaho.*
   c. *Cha, ngoba uJabu ubezofisa ukuthi uJoshuwa anqobe.*
5. **Isiphi isifundo esisifunda kule ndaba?**
   a. *Ukuthi ukusiza abangani kubaluleke ukudlula ukunqoba.*
   b. *Ukuthi kumele sibheke la siyakhona.*
   c. *Ukuthi kumele siphathe ukudla kwesidlo sasemini.*

**Qedela izimpendulo**

6. **Wawunini umdlalo omkhulu?**
   *Umdlalo omkhulu wawu* ______________________________________________.
7. **Kungani uJabu engaphumelelanga?**
   *UJabu wawa ngoba waqhuzuka* ________________.
8. **Ucabanga ukuthi kungani uJoshuwa ezwa izihlathi zakhe zishisa ngenkathi ekhuluma noJabu?**
   *Ngicabanga ukuthi uJoshuwa wezwa izihlathi zishisa ngoba* ______________________
   ____________________.
9. **Ucabanga ukuthi uJoshuwa wayegijima ngokushesha?**
   *Ngicabanga ukuthi uJoshuwa wayengagijimi ngokushesha ngoba* ____________________.
10. **Wayesho ukuthini ubaba ngenkathi ethi Joshuwa "unqobe okungcono kunendondo"?**
    *Ngicabanga ukuthi ubaba wayesho ukuthi* ______________________________________
    ______________________________________________________________________.
11. **Ucabanga ukuthi uJoshuwa unobaba olungile noma ongalunganga?**
    *Ngicabanga ukuthi uJoshuwa unobaba olungile / ongalunganga ngoba* ________________
    ______________________________________________________________________
    ______________________________________________________________________

**NHLRP FMS**

Ulimi: isiZulu

**Isivivinyo 3.3.D**

Ikhophi kaThisha: Ukuqondisisa okubhalwayo

**Maka impendulo efanele (Amamaki ama-5)**

1. **Washiya ini uJoshuwa ekhaya?**
   a. *isikhwama sakhe sesikole*
   b. *isikhaftini sakhe* ✓
   c. *izicathulo zakhe zokugijima*
2. **UJabu wamnikani uJoshuwa ngesikhathi sesidlo sasemini?**
   a. *i-apula nojusi*
   b. *isamishi eligcwele*
   c. *uhhafu wesamishi lebhotela kanye nesithelo* ✓
3. **Kule ndaba uJabu usize uJoshuwa, ngemva kwesikhathi uJoshuwa wasiza uJabu. Kusikhombisani lokhu ngobungani?**
   a. *Basizana kuphela uma befuna ukuthola okuthize.*
   b. *Bayasizana ngezinkinga.* ✓
   c. *Bathanda umjaho ukudlula ukudla isidlo sasemini.*
4. **Ucabanga ukuthi uJoshuwa uthathe isinqumo esifanele ngenkathi ema ukusiza uJabu?**
   a. *Yebo, ngoba ukusiza kubaluleke ukudlula ukunqoba.* ✓
   b. *Cha, ngoba ubezonqoba umjaho.*
   c. *Cha, ngoba uJabu ubezofisa ukuthi uJoshuwa anqobe.*
5. **Isiphi isifundo esisifunda kule ndaba?**
   a. *Ukuthi ukusiza abangani kubaluleke ukudlula ukunqoba.* ✓
   b. *Ukuthi kumele sibheke la siyakhona.*
   c. *Ukuthi kumele siphathe ukudla kwesidlo sasemini.*

**Qedela izimpendulo (Amamaki ayi-10)**

6. **Wawunini umdlalo omkhulu?**
   *Umdlalo omkhulu <u>wawungoLwesihlanu</u>. imaki eli-1*
7. **Kungani uJabu engaphumelelanga?**
   *UJabu wawa ngoba waqhuzuka etsheni. imaki eli-1*

**Ucabanga ukuthi kungani uJoshuwa ezwa izihlathi zakhe zishisa ngenkathi ekhuluma noJabu?**

*<u>Impendulo yomfundi, isibonelo:</u>*

*Ngicabanga ukuthi uJoshuwa wezwa izihlathi zishisa ngoba wayezizwa ehlazekile ngokuthi akanaso isikhafuthini sesidlo sasemini.*

*Ngicabanga ukuthi uJoshuwa wezwa izihlathi zakhe zishisa ngoba wayenamahloni okuthi akanaso isikhafuthini sesidlo sasemini.*

*(amamaki ama-2)*

8. **Ucabanga ukuthi uJoshuwa wayegijima ngokushesha?**
   *Impendulo yomfundi, isibonelo:*
   *Ngicabanga ukuthi uJoshuwa wayegijima ngokushesha ngoba indaba ithi wasuka ngesikhulu isivinini.*
   *Angicabangi ukuthi uJoshuwa ugijima ngokushesha ngoba akazamanga ukufica abanye abasubathi.*
   *(amamaki ama-2)*
9. **Wayesho ukuthini ubaba ngenkathi ethi Joshuwa "unqobe okungcono kunendondo"?**
   *Impendulo yomfundi, isibonelo:*
   *Ngicabanga ukuthi ubaba wayesho ukuthi uJoshuwa uthole umngani wempilo yonke.*
   *Ngicabanga ukuthi ubaba wayesho ukuthi uJoshuwa unqobe inhlonipho evela kuJabu nekilasi.*
   *(amamaki ama-2)*
10. **Ucabanga ukuthi uJoshuwa unobaba olungile noma ongalunganga?**
   *Impendulo yomfundi, isibonelo:*
   *Ngicabanga ukuthi uJoshuwa unobaba olungile ngoba ufundisa uJoshuwa ukuthi kubalulekile ukuba umngani oqotho.*
   *Ngicabanga ukuthi uJoshuwa unobaba ongalungile ngoba kumele ngabe ugqugquzela uJoshuwa ukuthi anqobe.*
   *(amamaki ama-2)*

# Ifomu lokuHlaziya leThemu 3

**NHLRP FMS**
Ulimi: isiZulu
IBanga 3 IThemu 3
**Ifomu lokuHlaziya**

| **Imisindo 3.3.A** | **Ukubalwa kwamaphutha** | **Isamba** | **Amagama 3.3.B** | **Ukubalwa kwamaphutha** | **Isamba** |
|---|---|---|---|---|---|
| u | | | thula | | |
| a | | | phuza | | |
| o | | | qhuba | | |
| p | | | qhuga | | |
| j | | | iqolo | | |
| g | | | qhamuka | | |
| L | | | khumula | | |
| D | | | phumuza | | |
| N | | | khonza | | |
| C | | | inzima | | |
| e | | | ubunzima | | |
| i | | | amazolo | | |
| Q | | | bhalani | | |
| K | | | ubukhosi | | |
| H | | | ezolimo | | |
| F | | | thethelelani | | |
| n | | | ubuchwepheshe | | |
| m | | | amakhamandela | | |
| d | | | iziphuzo | | |
| k | | | zinakekele | | |
| U | | | thamela | | |
| A | | | bukela | | |
| N | | | isizukulwana | | |
| C | | | idwala | | |
| d | | | intengiso | | |
| q | | | intwala | | |
| l | | | pholisa | | |
| M | | | izicathulo | | |
| f | | | ushukela | | |
| k | | | itende | | |

**NHLRP FMS**
Ulimi: isiZulu
IBanga 3 IThemu 3
**Ifomu lokuHlaziya**

| Imisindo 3.3.A | Ukubalwa kwamaphutha | Isamba | Amagama 3.3.B | Ukubalwa kwamaphutha | Isamba |
|---|---|---|---|---|---|
| O | | | ubhanana | | |
| v | | | amakhala | | |
| r | | | ibhola | | |
| x | | | iyabiza | | |
| A | | | umlonyana | | |
| w | | | umzukuzuku | | |
| s | | | isithuthuthu | | |
| V | | | isiphithiphithi | | |
| t | | | bayathithiza | | |
| y | | | bazothamela | | |
| kh | | | ukukhehla | | |
| th | | | izinduna | | |
| ch | | | khuzeka | | |
| bh | | | khonkotha | | |
| P | | | kweleta | | |
| Q | | | ndiza | | |
| N | | | indwangu | | |
| L | | | udweshu | | |
| K | | | idwala | | |
| d | | | dweba | | |
| ny | | | nethezeka | | |
| Q | | | ubunjiniyela | | |
| P | | | uchungechunge | | |
| R | | | emakhiwaneni | | |
| gx | | | kunemibandela | | |
| D | | | imigomo | | |
| V | | | amagagasi | | |
| z | | | bungaza | | |
| f | | | zumekani | | |
| k | | | inesizotha | | |

# Uhlelo Lokuhlola

## IBanga 3 IThemu 3

**I-ATP Ebuyekeziwe ihlinzeka ngoHlolo Olusekelwe Esikoleni (SBA) lwethemu ngayinye. Ngokwalokhu, la makhono nemiqondo elandelayo kufanele kuhlolwe kuThemu 3:**

| ISAKHI | UMSEBENZI |
|---|---|
| **Ukulalela nokukhuluma** | Uphakamisa izindlela zokuxazulula inkinga, ikakhulukazi izinkinga ezibhalwe ngamagama eZibalweni.<br>Uxoxa indaba enesiqalo, indikimba nesiphetho. |
| **Imisindo** | Upela kahle amagama esebenzisa ulwazi lwemisindo esivivinyweni esingahleliwe, esibizelweni kanye nasemsebenzini wonke obhalwayo. |
| **UkuFunda nokuQondisisa** | Ufunda ngokuzwakalayo encwadini ngokwezinga lakhe.<br>Usebenzisa amagama ajwayelekile, imisindo, namakhono okudikhoda nokuhlaziya ingqikithi kanye nesakhiwo.<br>Uyaziqaphela uma efunda, ndawo zombili ekuboneni igama kanye nokuqondisisa.<br>Uyalalela, asebenzise umbhalo futhi:<br>• Uphendula imibuzo esobala<br>• Uyahlawumbisela<br>• Ubeka izehlakalo ngokulandelana okufanele<br>• Ukwenza iziphetho<br>• Wenza uhlolo |
| **Ukubhala ngesandla** | Ukopisha umbhalo osebhodini, ezincwadini, emakhadini omsebenzi, aqikelele kahle ukulungisa ukwakheka kwezinhlamvu kanye nezikhala phakathi kombhalo obhalwe ngokuhlanganisa. |
| **Ukubhala** | Ubhala imibhalo yakhe ngezindlela ezahlukene: okubhalwa kudayari, incwadi ebhalelwe isihlobo, incazelo.<br>Ukusetshenziswa kolimi: ukwakhiwa kwemisho, izimpawu zokubhala, izinkathi, izihlanganisi. |

## ISIBONELO SEMISEBENZI YOKUHLOLA

- *Lemisebenzi yokuhlola yenzelwe ukuba ingxenye ye-NHLRP.*
- *Lapho kufaneleke khona, izivivinyo ze-NHLRP zo-FMS ziyafakwa zibe yingxenye yohlelo lokuhlola.*
- *Lemisebenzi yokuhlola ingasetshenziswa injalo noma yenziwe ihambisane nezidingo zeSifunda.*

### Ukulalela nokukhuluma

Uxoxa indaba enesiqalo, indikimba nesiphetho.
Uphakamisa izindlela zokuxazulula inkinga, ikakhulukazi izinkinga ezibhalwe ngamagama eZibalweni.

## Umsebenzi 1

- Qaphela ukuhlanganyela kwabafundi ngesikhathi sesifundo seZibalo.
- Kuyo yonke ithemu, biza wonke umfundi azokwabelana ngesixazululo senkinga yamagama.

## Umsebenzi 2

- Yenza lokhu ngesikhathi sezifundo zangoLwesithathu zokuLalela nokuKhuluma emaSontweni 2, 4 no 6.
- Sebenzisa uhlelo lwezifundo zeNHLRP kanye nezithombe zokuxoxa indaba ngobuciko eziseNcwadini eyiSisekelo sokuFunda yeNHLRP.
- Tshela abafundi ukuthi ngenkathi bexoxa indaba, kufanele:
  - Baxoxe indaba ngokulandelana kwezigameko: kwenzekeni kuqala, kwalandelani kwase kugcinani.
  - Basho izinto kanye: bangaphindaphindi asebekushilo.
- Hlola umfundi ngamunye usebenzisa irubhrikhi elandelayo.

| IRUBRIKHI | IZINGA 1 | IZINGA 2 | IZINGA 3 | IZINGA 4 |
|---|---|---|---|---|
| **Izisombululo ezinkingeni zamagama** | Umfundi unenkinga nobunzima bokwabelana ngesixazululo enkingeni yegama, nanoma esekelwa uthisha. | Umfundi wabelana ngesixazululo enkingeni yegama uma ebizwe ngqo. | Umfundi ujwayele ukuzinikela ekuxazululeni izinkinga zamagama ngokuzithandela. Ngesinye isikhathi umfundi uyangabaza noma aphinde lokho osekushiwo. | Umfundi ujwayele ukuxazulula izinkinga zamagama ngokuzithandela. Umfundi ukhuluma ngokuzethemba nangokushelela. |
| **Isakhiwo nokulandelanisa kahle izinto** | Umfundi uxoxa ngezingxenye ezincane zendaba ngokuzen-zakalelayo ngokunga-zilandelanisi kahle izehlakalo. | Umfundi uxoxa ngezingxenye ezithile zendaba ngokulandelanisa kahle izehlakalo, kodwa ufaka kakhulu noma kancane imininingwane. | Umfundi uxoxa cishe yonke indaba ngokulandelanisa kahle izehlakalo. | Umfundi uxoxa indaba ngokulandelanisa kahle izehlakalo. |
| **Ukuxoxa indaba: Ukushelela** | Umfundi ungabaza kaningana, uma isikhathi eside, noma aphinde kakhulu osekushiwo. | Umfundi ungabaza izikhashana, ngesinye isikhathi ame, noma aphinde okunye osekusiwo. | Isethulo somfundi kakhulukazi siyashelela, kunokungabaza, ukuma noma ukuphindaphinda oku-1 noma oku-2 kuphela. | Isethulo somfundi siyashelela futhi sinokuzethemba. |

### Imisindo

Upela kahle amagama esebenzisa ulwazi lwemisindo esivivinyweni esingahleliwe, esibizelweni kanye nasemsebenzini wonke obhalwayo.
Recognises silent letters in words, that is,'k' as in know, ''l' as in half, 'b' as in comb, ''w' as in write, 'h' as in hour.

## Umsebenzi

- Yenza lokhu emaSontweni 2–7 ngesikhathi sezifundo Zomsindo ngoLwesihlanu.
- Sebenzisa izifundo ozinikeziwe Ngokohlelo Lokufundisa lweNHLRP.
- Hlola isivivinyo sokupela nokubizela sesonto ngalinye njengokulandelayo:
  a. Nika imaki eli-1ngegama ngalinye kwama-5 apelwe ngokufanele. (izinga eliphezulu: 5)
  b. Qala ngamamaki ayi-7 ngomusho wesibizelo. Susa uhhafu wamamaki ngephutha ngalinye. (Isilinganiso esiphezulu: 7)
  c. Rekhoda imiphumela yesonto yomfundi ngamunye kumamaki ayi-12 esewonke angawathola.

Ukubala imiphumela yethemu.

- Hlanganisa imiphumela yomfundi ngamunye yezivivinyo ezi-6 sezizonke.
- Hlukanisa nge-6 ukuthola isilinganiso somfundi.
- Ngasekupheleni kwethemu, buyekeza incwadi yokubhala yomfundi ngamunye, uqaphele isipelingi sabo kuyo yonke imisebenzi yabo ebhaliwe.
- Hlola umfundi ngamunye usebenzisa irubhrikhi elandelayo.

| IRUBRIKHI | IZINGA 1 | IZINGA 2 | IZINGA 3 | IZINGA 4 |
|---|---|---|---|---|
| **Isilinganiso semiphumela yokupela kanye nesibizelo sesonto ngalinye.** | 0–3 amamaki | 4–6 amamaki | 7-9 amamaki | 10-12 amamaki |
| **Ukusetshenziswa kolwazi lwemisindo kanye nokupela kahle kuyo yonke imisebenzi ebhalwayo** | Umfundi ujwayele ukwenza amaphutha okupela, kanti ambalwa amagama asetshenzisiwe emsebenzini obhalwayo. | Umfundi ujwayele ukwenza amaphutha okupela noma ambalwa amagama asetshenzisiwe emsebenzini obhalwayo. | Umfundi usebenzisa amagama ambalwa ngokwanele emsebenzini obhalwayo. Amanye amaphutha okupela asobala. | Umfundi usebenzisa amagama amaningi ahlukahlukene emsebenzini obhalwayo. Amaphutha okupela ambalwa. |

### Ukufunda

Ufunda ngokuzwakalayo encwadini ngokwezinga lakhe.
Usebenzisa amagama ajwayelekile, imisindo, namakhono okudikhoda nokuhlaziya ingqikithi kanye nesakhiwo.
Uyaziqaphela uma efunda, ndawo zombili ekuboneni igama kanye nokuqondisisa.

## Umsebenzi

- Yenza lokhu emaphethelweni ethemu.
- Sebenzisa isivivinyo se-NHLRP yo-FMS 3.3.C
- Biza abafundi ngamunye bazokwenza isivivinyo soFMS, njengokwemiyalelo.
- Bhala imiphumela yomfundi yeFMS ephepheni lokurekhoda uFMS.
- Hlola umfundi ngamunye usebenzisa irubhrikhi elandelayo.

| IRUBRIKHI | IZINGA 1 | IZINGA 2 | IZINGA 3 | IZINGA 4 |
|---|---|---|---|---|
| **Amakhono okudikhoda** | Imiphumela yomfundi yoFMS ingaphansi kakhulu kwesilinganiso samaZinga okuFunda kaZwelonke. | Imiphumela yomfundi yoFMS ingaphansi kancane kwesilinganiso samaZinga okuFunda kaZwelonke. | Imiphumela yomfundi yoFMS isezingeni elemukelekile ngokwesilinganiso samaZinga okuFunda kaZwelonke. | Imiphumela yomfundi yoFMS isezingeni eliphezulu kakhulu ngokwesilinganiso samaZinga okuFunda kaZwelonke. |
| **Ukuqashelwa kwamakhono okufunda** | Umfundi akakwazi ukuziqaphela amakhono akhe okufunda. | Umfundi uma kaningana bese efunda kabusha igama noma umusho ukuze azilungise noma abe nokuqonda. | Umfundi uma isikhashana bese efunda kabusha igama noma umusho ukuze azilungise noma abe nokuqonda. | Umfundi ufunda ngokushelela. Uma kwenzekile waphazamiseka, uyazibona bese ezilungisa ngokushesha. |

### Ukuqondisisa

Uyalalela, asebenzise umbhalo futhi:
- Uphendula imibuzo esobala
- Uyahlawumbisela
- Ubeka izehlakalo ngokulandelana okufanele
- Ukwenza iziphetho
- Wenza uhlolo

## Umsebenzi

- Yenza lokhu emaphethelweni ethemu (Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo).
- Sebenzisa Isivivinyo 3.3.D so-FMS (ukuqondisisa okubhalwayo) kulo msebenzi.
- Yenzela abafundi amakhophi esivivinyo.
- Qiniseka ukuthi uqale ngokuqedela isivivinyo 3.3.C so-FMS kanye nabobonke abafundi.
- Fundela abafundi ngokuzwakalayo umbhalo osesivivinyweni 3.3.C so-FMS.
- Funda imibuzo ngokuzwakalayo bese uyachaza ukuthi kufanele iphendulwe kanjani.
- Ekugcineni kwesifundo, qoqa amaphepha abafundi ukuze uwamake.
- Sebenzisa uhla lwezimpendulo oluhlinzekwe njengengxenye yesivivinyo so-FMS eNcwadini yokuHlola.
- Sebenzisa leli thebula elingezansi ukuguqulela esigabeni.

| Isamba | IZINGA |
|---|---|
| 1 – 2 | 1 |
| 3 - 4 | 2 |
| 5 - 6 | 3 |
| 7 - 8 | 4 |

### Ukubhala ngesandla

Ukopisha umbhalo osebhodini, ezincwadini, emakhadini omsebenzi, aqikelele kahle ukulungisa ukwakheka kwezinhlamvu kanye nezikhala phakathi kombhalo obhalwe ngokuhlanganisa.

## Umsebenzi

- Kwenze lokhu sikhathi sonke kuthemu ngesikhathi sezifundo zokuBhala Ngesandla.
- Sebenzisa izifundo ozinikeziwe Ngokohlelo Lokufundisa lweNHLRP.
- Ngesikhathi sesifundo, hamba nxazonke ubheke ikhono labafundi lokubhala ngesandla.
- Ngasekupheleni kwethemu hlola izincwadi zabafundi ubheke inqubekela phambili yokubhala ngesandla.
- Hlola abafundi usebenzisa irubrikhi elandelayo.

| IRUBRIKHI | IZINGA 1 | IZINGA 2 | IZINGA 3 | IZINGA 4 |
|---|---|---|---|---|
| **Ukubumba izinhlamvu ezihlanganisiwe** | Ezinye zezinhlamvu zakhiwe kabi futhi ngokungafanele. | Izinhlamvu eziningi zakheke kabi noma ngokungafanele. | Izinhlamvu zakhiwe kahle kodwa kufanele kunakwe ubunono. | Izinhlamvu zakhiwe ngokufanele nangobunono. |
| **Ukungaguquki kobungako bezinhlamvu** | Ubungako nokwehlukaniswa kwamagama akuhambisani. | Ubungako nokwehlukaniswa kwamagama kwesinye isikhathi akuhambisani. | Ubungako nokwehlukaniswa kwamagama kaningi kuyahambisana. | Ubungako nokwehlukaniswa kwamagama kuyahambisana. |

## Ukubhala

Ubhala imibhalo yakhe ngezindlela ezahlukene: okubhalwa kudayari, incwadi ebhalelwe isihlobo, incazelo.

Ukusetshenziswa kolimi: ukwakhiwa kwemisho, izimpawu zokubhala, izinkathi, izihlanganisi.

## Umsebenzi

- Hlola abafundi kuyo yonke ithemu, uqaphele okulandelayo:
  **Amasonto 3-4**
  Uhlobo lombhalo: Incwadi
  Ukusetshenziswa kolimi: Okhefana
  **Amasonto 5-6**
  Uhlobo lombhalo: Umbhalo ochazayo
  Ukusetshenziswa kolimi: Iziphawulo
  **Amasonto 7-8**
  Uhlobo lombhalo: Okubhalwa kudayari
  Ukusetshenziswa kolimi: Izihlanganisi
- Kuyo yonke imisebenzi ebhalwayo, qaphela ukusetshenziswa kokwakhiwa kwemisho, izimpawu zokubhala kanye nenkathi.
- Sebenzisa izifundo ozinikeziwe Ngokohlelo Lokufundisa lweNHLRP.
- Ekugcineni kwezifundo zangoLwesihlanu zamaSonto 2, 4, 6 no 8, qoqa izincwadi zabafundi ukuze uzihlole.
- Hlola abafundi usebenzisa irubrikhi elandelayo.

| IRUBRIKHI | IZINGA 1 | IZINGA 2 | IZINGA 3 | IZINGA 4 |
|---|---|---|---|---|
| **Ukubhalwa kwedayari** | Umfundi uhlangabezana nezingqinamba ezinkulu kakhulu ngokuhlela, indlela yokukhuluma kanye nokubeka okuqukethwe kokubhalwa kudayari. | Umfundi uhlangabezana nezingqinamba ezinkulu ngokuhlela, indlela yokukhuluma kanye nokubeka okuqukethwe kokubhalwa kudayari. | Umfundi uhlangabezana nezingqinamba ezingatheni ngengxenye eyodwa yokubhalwa kudayari: ukuhlela, indlela yokukhuluma noma ukubeka okuqukethwe. | Umfundi ukwazi kahle ukuhlela umbhalo wedayari, indlela yokukhuluma kanye nokubeka okuqukethwe. |
| **Ukubhalwa kwencwadi** | Umfundi uhlangabezana nezingqinamba ezinkulu kakhulu ngokuhlela, indlela yokukhuluma kanye nokubeka okuqukethwe incwadi. | Umfundi uhlangabezana nezingqinamba ezinkulu ngokuhlela, indlela yokukhuluma kanye nokuqukethwe incwadi. | Umfundi uhlangabezana nezingqinamba ezingatheni ngengxenye eyodwa yencwadi: ukuhlela, indlela yokukhuluma noma okuqukethwe. | Umfundi ukwazi kahle ukuhlela, indlela yokukhuluma kanye nokubeka okuqukethwe incwadi. |
| **Ukubhala incazelo** | Izincazelo zomfundi ziyaqageleka futhi azinabuciko. | Izincazelo zomfundi ngesinye isikhathi ziyaqageleka futhi azinabuciko. Nokho, ezinye izincazelo ziyethembisa. | Izincazelo zomfundi ziyethembisa futhi eziningi zimnandi futhi zikhombisa ubuciko. | Izincazelo zomfundi zimnandi futhi zikhombisa ubuciko. |
| **Ukwakhiwa kwemisho nokusetshenziswa kwezihlanganiso** | Umfundi ujwayele ukwenza amaphutha ahlobene nesakhiwo somusho. Mncane noma awukho umzamo owenziwe ukusebenzisa izihlanganisi. | Umfundi wenza amaphutha athize ahlobene nesakhiwo somusho. Umfundi uyazama ukusebenzisa izihlanganiso kwesinye isikhathi, nakuba kuba namaphutha. | Umfundi wenza amaphutha angatheni ahlobene nesakhiwo somusho. Umfundi uqala ukufaka ngempumelelo ukusetshenziswa kwezihlanganisi embhalweni wakhe. | Umfundi ubumba yonke imisho ngesahiwo esifanele. Umfundi ufaka ukusetshenziswa kwezihlanganisi embhalweni wakhe ngempumelelo. |

| IRUBRIKHI | IZINGA 1 | IZINGA 2 | IZINGA 3 | IZINGA 4 |
|---|---|---|---|---|
| **Izimpawu zokubhala** | Umfundi unenkinga yokusebenzisa osonhlamvukazi nongqi ngokufanele, nanoma esizwa. | Umfundi usebenzisa osonhlamvukazi kanye nongqi ngokufanele, kodwa unenkinga ngezinye izimpawu zokubhala. | Umfundi ngokuvamile usebenzisa zonke izimpawu zokubhala azifundisiwe. | Umfundi ngokuvamile usebenzisa kahle zonke izimpawu zokubhala azifundisiwe. |
| **Ukusetshenziswa kwenkathi** | Umfundi unobunzima bokusebenzisa kahle inkathi futhi ngokungaguquki. | Umfundi wenza amanye amaphutha aphathelene nenkathi. | Umfundi wenza amaphutha angatheni aphathelene nenkathi. | Umfundi usebenzisa kahle inkathi futhi ngokungaguquki. |

